

Inkanyiso, 7 May 1891

NEWSPAPER: Supplement to *Inkanyiso*  
DATE: 7 May 1891, p9.

OFFENSIVE WORDS/TERMS: Nil

(Ku Mhleli we *Nkanyiso*.)

MNGANE,-Nginxusa indawo epepeni lako, ngipendule ku Benjamin Lutuli wase Groutville. Yebo-ke, Lutuli, incwadi yako izwakele kimi, ngifisa ukukukanyisela kancane. Kodwa ngiyalibabaza elako lokuti ngifana “nenkomo eneso,” lapa ngiveza isikalo sabaningi abafihlileyo; nelokuti futi ngisola abaFundisi, uma ngibatshela enikutsho kubo ngasese; naleli futi oti ngalo, *Inkanyiso* ayenzelwanga ukuba kusolwe abaFundisi. Mina kulelo kambe ngiti *INkanyiso* yenzelwe ukusikanyisa njengegama layo, ayenzelwanga ukuba isite izindaba esizikulumayo. Futi kauwafundanga kahle amazwi ami. Angitshongo ukuti abaFundisi beza nje ukuba balete imali eningi. Ngite mina, nabakiti nga bepiwa okulingene bona okungabapilisayo nezindhlu zabo, njengamazwi omApostoli. “Anazi yini ukuti abakonza ngemisebenzi engcwele badhla okweTempeli na, nokuti abakonza elatini bahlanganyela nelati? Njalo i Nkosi imisile ukuba abashumayela ivangeli bapile ngokwevangeli.” 1 Cor. ix, 13, 14.

Njengoba wena ungibuzile ukuba ngikala nobani ngalolu udaba, asengikukanyisela ngamazwana ayingcozana alandelayo.

Kute ngokuqalisa kwokungena kwezikole nonyaka, kwafika u Friday Mdhluli, eleta abake ababili e St. Alban’s. Kute sihlezi naye kanye nomunye wasilandisa usizi lokuncitshwa kwake imali, nokunqatshelwa kwake ukuba azisebenzele eminye imisebenzi, nemali yake eyai ngo [£2, ese 10/0?] kupela. Sat’uba sikuzwe loko sababaza, ngati mina akusiyo into yokuqala uba ngizwe indaba enjalo, ngasengiti kuye, kungaba kuhle abaFundisi batshelwe kunokuba bafihlelwe okunjalo, okuzaucita umsebenzi we Nkosi. Wasesilandisa ukuba kungatiwa uyahlubuka uma kuvezwa nguye loko epepeni, ngoba engumShumayeli; wanxusa mina ukuba ngikuveze epepeni, kuzwakale kubaFundisi.

Ukuwaveza kwami lawa mazwi, Lutuli, akuyanga ngoba ngona, ngitanda ukuhleba amakosi etu. Ngawaveza ngoba ngitanda ukusiza amakosi etu, ngitunywa ngu Mdhluli, esengimzwile ukuba usezaungenwa umoya obuhlungu owafikela labo engiyakukulandisa ngabo ngolunye usuku. Kwati-ke uba ngibone amazwi ako, ngakufanisa nomtshetshengwana ozitshaya incekwana, abati abeSutu, [*pepelets?ng*] *hluba se mogodong Morena ha a uhlua uhla o [monna?]*. Kanti sokuti uba kuvele incwadi ka Zibukwana, esengikutshelile ngati ngelobutsha lelo, ngaqala ukubona ukuti kanti souyindoda, lapa ngikumbula owalitshoyo wati “isikuni esibuya nomkwezeli.”

Ngiyabuza-ke kuwe, mfo wetu, ngiti kulungile yini ukuba umuntu atume omunye, ati emveni kwaloko ambalekele na? Ake ungitshela ukuti lowo muntu usuke enjani na? Konje kungatenjwa umuntu onjani lapa emhlabeni na? Ngitsho ngoba amazwi ami emahle, kodwa engenasigqi, utsho njalo umfundisi wakiti e Springvale.

Nkosi yami, ngitetelele ngokwelula kwami okungaka, pezu kwoba ngingaakqedi [ngingakaqedi]; ngenzel’ukuti angiveze iqiniso lami engingalimisela ofakazi.

Ngingowako

MAGEMA MAGWAZA

Pietermaritzburg.

LEGEND:

[ ? ] incomplete, illegible word(s)

[ ] notes and words by transcriber

TRANSCRIBER:

Sizakele Gumede for FHYA, 2022.

Student, MA in Historical Studies, UCT.